

Ixoixa kabusha uBusisiwe Pakade

Imidwebo nguJiggs Snaddon-Wood


uTselane nezimuzimu


Endulo ngesikhathi amazimuzimu esazula emhlabeni,
nezinkukhu zisakhulum, kwakukhona owesifazane ompofu
owayehlala nendodakazi yakhe uTselane endlini encane.
Njengoba wayengenaye umuntu ozombhekela uTselane, lona
wesifazane waphoqeleka ukuthi ashiye ingane yakhe
yodwa ngesikhathi eyolima emasimini nsuku zonke.

Empeleni, unina kaTselane
wayefuna umntanakhe
aphephe, ngakho njalo
ekuseni ngesikhathi esehamba
ekhaya, wayekhumbuza
uTselane ukuthi *angalinge*
avulele *muntu* umnyango.
Kanti njalo uma ebuya ekhaya
wayemculela iculo elithi,
“Tselane, ngane yami, Tselane,
ngane yami, woza uzongivulela
umnyango!”

Bese uTselane, owayelindele
ukuzwa iphimbo likanina
elimnandi, aphendule
ngeyakhe ingoma emfishane.
“Yebo, Mama, ngiyakuzwa!
Yebo, Mama, sengifikile!” ecula,
evula umnyango okhiyiwe,
emamatheka kakhulu futhi
enkonkoshela unina emqinisa.

Ngelinye ilanga, izimuzimu
elikhohlakele, eliyigovu,
elalihlala eduze nabo lezwa
laba ababili beculelana.
“Mmmm,” lasho, kuconsa
amathe likhota nezindebe
zalo, “leyo ngane izwakala
sengathi iyisidlo esimnandi,
esithambile!”





Emva kwezinsuku ezimbalwa, lapho izimuzimu selilambe kakhulu, lahamba laya kubo kaTselane. Seliphambi komnyango ladonsa umoya kakhulu, lavula umlomo walo lacula, "Tselane, ngane yami, Tselane, ngane yami, woza uzongivulela umnyango!"

Kodwa uTselane wavele wahleka nje. "Hamba la!" kusho yena.
"Izwi lakho elibhodlayo, elibi alisondeli nokusondela ezwini likamama wami elihle!"

Izimuzimu lazizwa lithukuthele kakhulu.

Lanquma ukuya esangomeni ukuze liyothola usizo. "Yidla lokhu," kusho isangoma, silinikeza insimbi eshisayo. "Kuzoshintsha indlela okuzwakala ngayo izwi lakho."

Ngosuku olulandelayo, ngesikhathi izimuzimu liculela uTselane, izwi lalo lalizwakala limnandi futhi lilihle. Icabanga ukuthi unina ubuyile, intombazanyana yacula yavula umnyango ithokozile. Ngokushesha njengonyazi, izimuzimu elikhulu layigxavula layifaka emgodleni walo. Lase liphonsa umgodla onokukhushuzayo emahlombe alo laphuma lishayela phezulu. Lalithokoza kakhulu kangangoba lapho lidlula edilini elenziwe endlini yakwamakhelwane, lanquma ukuhlaba ikhefu ukuze ligubhe ngelikutholile.


"Ake ningiphe utshwala!" limemeza umnini wedili, libeka umgodla walo eduze kwalo ngokucophelela.

"Kulungile," kusho yena, kodwa ngesikhathi izimu ligoxa utshwala, wezwa izwi elipholile, elidangele eliphuma emgodleni. "Kukhona umuntu ola phakathi!" ekhuluma yedwa umnini wedili.
"Kumele simsizel!"

Waphendukela ezimuzimini, wathi, "Ngicela uyongikhela amanzi emthonjeni. Ngizokunika ibhakede eligcwele utshwala ngalokho."


"Ho ho!" kusho izimuzimu eliyigovu, ligxavula ukhamba alunika lona. Lalizokwazi ngani ukuthi lwalunembobo encane? Emthonjeni, lalilokhu lizama ukulugcwalisa ngamanzi – kodwa ngeshwa, aluzange lugcwale.

Emuva endlini, owesifazane nendoda yakhe basiza uTselane ngokumkhipha esakeni ngokushesha, base bemcashisa endlini yabo. Base begcwalisa umgodla ngezinyoka, izinyosi, izintulo, imivi, izinyendle kanye namaxoxo.



Ngemva kwesikhathi eside, izimuzimu labuya
namanzi amancane. Lajikijela ukhamba
oluvuzayo phansi, lagqolozela owesifazane,
lagxavula utshwala kanye nomgodla walo
laphuma liggishazela futhi, ligwavuma.
Selifike ekhaya, labeka phansi isaka
lase lingena ngaphakathi.

“Ngenisa umgodla wami!”
likhonkotha indodana yalo,
kodwa ngesikhathi umfana
ethatha umgodla, kwandiza
umuvi wamtinyela ekhaleni.
“WAAAAA!” wakhala,
wagijima wangena endlini.
“WAAAAA! WAAAAA!”



“UPHI UMGODLA WAMI?” kuthetha izimuzimu. “Awushayeke la
njengamanje!”

Kulokhu-ke kwaphuma unkosikazi walo egijima, kodwa kwaphuma inyoka yamluma
isandla. “YAAAAA!” ekhala kakhulu, egijima engena endlinni. “YAAAAA!”

Izimuzimu lase lihuma ukuthukuthela ngalesi sikhathi. “Phuman!” lisho lithethisa
umndeni walo. Lasukuma, lagxavula umgodla walo lase likhiya umnyango.

“Ake ngikubone!” kugwavuma lona ngesikhathi lilunguza
emgodleni. Kodwa uyazi ukuthini? Kwaphuma
zonke izilwane ezimbi zase ziqala

ukulitinyela nokuliluma kanyekanye!

Labhonga izimuzimu, lagxuma
lagijima liqonde emnyango,
kodwa wawukhiyiwe.

Ekugcineni ngesikhathi
selikwazile ukuwuvula,
lagijima likhala liya
emfuleni, lase liphosa
ikhanda lalo odakeni
olusosebeni lomfula.
Labhajwa lapho, lase
liphenduka isihlahla.

Ubobheka isihlahla
esinezingodo
ezimbili osebeni
lomfula – sisekhona
nanamhlanje. Kanti
uTselane yena,
waphinde wabuyela
ekhaya kunina
ephephile.

